***English voice:***

This is the Cambridge Assessment International Education, Cambridge IGCSE in IsiZulu as a Second Language. Syllabus 0531, Paper 2 Listening, November 2021.

Instructions to candidates:

Write your centre number, candidate number and name on all the work you hand in.

Write in dark blue or black pen.

Do not use staples, paper clips, glue or correction fluid.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper. You need not write in full sentences. Dictionaries are not permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test.

The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question.

A signal is used to introduce each item.

Pause 00’10’’

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 1**

Lalela le ndaba eyethulwa nguNtokozo.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi siliqiniso noma asiyilo iqiniso.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal: bell

***Male isiZulu voice:***

Mina noSandisiwe asifani neze. Yena unesibindi, unomdlandla futhi konke akwenzayo ukwenza ngehaba. Uthanda ukusebenzisa izandla nezingalo zakhe lapho ekhuluma ukuze agcizelele iphuzu. Nami ngiyazinyakazisa izandla kancane uma ngikhuluma umehluko ukuthi kuba yizandla kuphela hhayi nezingalo.

Ubungane bethu sebuneminyaka esondela kwengamashumi amathathu manje kodwa sisamangala uma sibona ukuthi singabantu abahluke kanjani. Ngeviki eledlule ubengibuza ukuthi ngizomphelezela yini ukuya ezitolo ayothenga izipho zikaKhisimusi. Ngimkhumbuzile ukuthi kusasele izinyanga ezintathu kube nguKhisimusi ngaze ngamhleka ngokuba nehaba.



https://xtremepape.rs/

Okunye okuhlukile ngathi ukuthi yena uyashesha ukuvuka bese ecabanga ukuthi wonke umuntu ufana naye. uSandisiwe uthanda ukungithumela umyalezo we-WhatsApp ekuseni kakhulu ethi asihlangane esitolo sokudla ukuze sithole isidlo sasekuseni. Uma ethumela lo myalezo usuke esekade evukile kusempondozankomo washanele wenza nayo yonke imisebenzi yakhe yasendlini. Ngakho usuke esekulungele ukuphuma endlini ngesikhathi athumela ngaso umyalezo. Mina ngalowo mzuzu ngisuke ngisadinga isikhathi esilingana nehora okungenani. Uma ngifika esitolo lapho sisuke sizohlangana khona uvele amangale angibuze ukuthi yini le engaka engisuke ngiyenza endlini ngingaphumi.

Pause 00’05’

Imfihlo yokuthi Ubungane bethu buhlale iminyaka eminingi kangaka ukuthi sihlangabezana phakathi nendawo. Kule minyaka sazana safunda ukuthi ziningi izindlela ezihlukile zokwenza izinto emhlabeni. Ngakho-ke, siyakujabulela ukwehluka kwethu futhi siyakusebenzisa kakhulu. Ngesikhathi ngidinga umuntu ozongisiza ekhaya lami ngokungifakela ukhaphethi omusha, uSandisiwe wayazi ukuthi obani angabafonela ukuba bangisize. Nami ngokunjalo. Uma enomsebenzi odinga ukuhlobisa ngivame ukumnika amasu angawasebenzisa ngoba lokhu kuza kalula kimi ukukwenza.

Sesidlule kokuningi futhi sasizana ezikhathini ezinzima kanye nezimnandi. Ngiyazi ukuthi ngingathembela kuye nanoma ngibhekene nesimo esinjani. Naye uyazi ukuthi ngiyakwazi ukulalela ngesineke.

Sekudlule izinsukwana ngingamboni uSandisiwe ngakho ngiyazi ukuthi mhla sibonana ngizozwa izindaba eziningi ezigcwele ihaba. Mina kuzomele ngibe nenkomishi yekhofi elimnandi lapho ngilalele obekwenzeka empilweni yakhe. **

Pause 00’05’

***Female isiZulu voice:***

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

***Male isiZulu voice:***

**Umsebenzi 2**

Lalela le ngxoxo lapho uThabisile exoxelwa nguMondli ngeholide lakhe.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, u-A, u-B, u-C noma u-D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal: bell

***Female isiZulu voice:***

Mondli, ngizwile ukuthi ube neholide elimnandi kakhulu. Ake ungixoxele ukuthi ubuvakashele kuphi futhi wenzani.



https://xtremepape.rs/

***Male isiZulu voice:***

Yebo Thabisile, kuliqiniso ukuthi ngibe neholide elimnandi kakhulu. Uzomangala uma ngikutshela ukuthi angiyanga kwelinye izwe noma endaweni ekude. Iholidi lami belikhona lapha.

***Female isiZulu voice:***

Hawu! Uqinisile uma uthi ngizomangala. Ngiyamangala ngempela. Umuntu uvele acabange ukuthi kumele aze aye kude ukuze kuthiwe yiholide. Nami bengicabanga ukuthi ubuvakashele eKapa noma e-Mozambique. Sengijahile ukuzwa ukuthi kanti ubuphezu kwani lapha ekwenze waba nesikhathi esimnandi kangaka.

***Male isiZulu voice:***

Ubuwazi nje ukuthi lapha edolobheni lakithi kuba nezinhlelo ezinhlobonhlobo zemidlalo, amakhonsathi amancane kanye nemiqhudelwano eba sebhishi ethatha amaviki amabili ngesikhathi samaholide ezikole asebusika?

***Female isiZulu voice:***

Yebo Mondli, ngike ngibone izikhangiso kodwa angikaze ngiye ukuyobona ukuthi kwenzakalani lapho. Ingabe yilapho ochithe isikhathi sakho kulamaviki amabili adlule?

***Male isiZulu voice:***

Kunjalo Thabisile. Okumnandi ukuthi imiqhudelwano eminingi kungenwa mahhala kuyo. Lokhu kwenza ukuthi ngingahluphi abazali ngokucela imali zonke izinsuku. Ngosuku lokuqala ngangenela umqhudelwano wokwenza izitayela ngebhayisikili. Uyazi-ke nawe ukuthi yinto engithanda ukuyenza le. Noma kunjalo, angiphumelelanga ukuba ngowokuqala kulo mqhudelwano. Kwakukhona omunye umfana owayevakashile owayelidlala kahle kakhulu ibhayisikili lakhe owayekufanele ukuphuma phambili.

Pause 00’05’

***Female isiZulu voice:***

Udadewenu yena wayekhona nje noma wawumshiye ekhaya?

***Male isiZulu voice:***

Ngosuku lokuqala wayenqabile ukuhamba nami kodwa ngoLwesibili ngavuswa nguye. Phela ngangifike ngamxoxela zonke izinto engangizibonile ngaze ngamphathela nepheshana elisho izinhlelo ezazikhona. Nabazali bakuthokozela ukuzwa ukuthi ngibe nosuku oluhle kangaka, baze baphawula nokuthi kuyabamangaza ukuthi angicelanga mali kubo.

***Female isiZulu voice:***

Ngiyathemba akazisolanga udadewenu.

***Male isiZulu voice:***

Akazisolanga nakancane. Indlela ayejabule ngayo wasixoxela ngosuku lwakhe saze saqeda isidlo sakusihlwa. Ayikho enye into esakwazi ukuyixoxa njengomndeni ngalobo busuku.



https://xtremepape.rs/

***Female isiZulu voice:***

Kukhona mhlawumbe ongathi awusoze wakukhohlwa ngaleli holide lakho?

***Male isiZulu voice:***

Zimbili izinto engingasoze ngazikhohlwa ngesikhathi engibe naso. Okokuqala ukuthi ngathola ithuba lokwenza abangane abasha engahlangana nabo ebhishi. Abaningi bavela kwamanye amadolobha. Siyaqhubeka nokuxhumana ezinkundleni zokuxhumana. Okube kukhulu kakhulu kube ukuthola ithuba lokudlala ibhola lezinyawo lasebhishi kanye nabadlali abadumile futhi ngafaka igoli elasiwinisa umdlalo.

***Female isiZulu voice:***

Ngiyakujabulela Mondli ngeholide lakho. **

Pause 00’05’

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo phakathi kukaThulani noZandile obethathe uhambo lokuya e-Stockholm.

Gcwalisa amanothi ashiyekile ezikhaleni ezinikiwe ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Pause 01’00”

* Signal: Bell

***Male isiZulu voice:***

Zandile, ngizwile ukuthi ube nohambo oluhle e-Stockholm. Ngizwe okuhle kodwa ngale ndawo kangangokuba sengifuna ukuhlela uhambo lokuya khona kulo nyaka ozayo. Yiziphi izinto ongangitshela zona ocabanga ukuthi kumele ngizazi futhi ezingangisiza uma ngigcina ngivakashile kuleli dolobha?

***Female isiZulu voice:***

Ngiyakuzwa, Thulani. Akuyona into elula le oyicela kimi. Ziningi izinto okumele uzazi uma uzothatha lolu hambo. Noma kunjalo ngizozama ukukhuluma ngalezi engibona ukuthi kungenzeka ungatholi ukululekwa ngazo nayizinkampani ezihlela amaholidi. Ngicabanga ukuthi kubalulekile ukuthi ngiqale ngesikhathi esihle sokuvakashela e-Stockholm. Ngibona ukuthi isikhathi esihle sokuvakasha yisehlobo kusukela ekupheleni kwenyanga kaMeyi kuze kube nguSeptemba. Ngibalula lezi zinyanga ngoba izinsuku zinde ngalesi sikhathi sonyaka. Lokhu kwenza kube kuningi ongakwenza osukwini. Kanti futhi ngiyazi ukuthi awuzwani namakhaza. Njengomuntu ongawathandi amakhaza ngeke ukujabulele ukuba laphaya ebusika njengoba kubanda kakhulu futhi akuhambeki kahle ngoba izindlela ziyashelela ngenxa yeqhwa. Ingabe kukhona mhlawumbe okunye ofisa ukukwazi okungakusiza?



https://xtremepape.rs/

***Male isiZulu voice:***

Ngingakujabulela ukwazi ukuthi ibhanoyi lihamba kanjani futhi lima kangaki?

***Female isiZulu voice:***

Amabhanoyi amaningi asuka eNingizimu Afrika ama kanye kuphela bese uthatha elinye elixhumayo lokudlulela e-Stockholm. Isikhathi osithathayo ukufika khona sincike ekutheni ibhanoyi ohamba ngalo lihamba ngamuphi umzila nokuthi uzolinda isikhathi esingakanani lapho nizoma khona. Ngesikhathi sibheka amabhanoyi ngoFebhuwari sawabona eshibhile kwathi sekuqala inyanga kaMeyi ayesekhuphukile. Ngakho kuyacaca ukuthi uma uzoya khona ehlobo kumele usheshe uthenge ithikithi kuse sebusika amanani esabiza kahle.

Pause 00’03’

***Male isiZulu voice:***

Kubalulekile ukuthi ngibe nemali eyanele ukuba ngikwazi ukungcebeleka ngibone izindawo kanye nokuzama ukudla kwakhona ikakhulukazi lokhu okungajwayelekile. Ake ungixoxele ukuthi ukudla kunjani ukubiza njengoba imali yethu lapha eNingizimu Afrika ingalingani neyabo?

***Female isiZulu voice:***

Ukudla neziphuzo kuyabiza ezingxenyeni ezithize zedolobha ikakhulukazi lezi ezithandwa abavakashi. Zikhona kodwa izindawo ezibiza kahle ezingxenyeni ezithize zedolobha futhi lezi zithandwa abahlali bakhona e-Stockholm. Angikusho ukuthi ngangingazi ukuthi ngilindeleni ngokudla kwase-Stockholm ngoba abantu abaningi uma kuza kulesi sihloko bavame ukusho ukuthi ukudla kuyabiza kodwa bangachazi ukuthi kumnandi noma cha. Engakuthanda ngokudla kwakhona kwaba izinhlobo zikashizi. Ushizi wakhona umnandi kakhulu futhi sizithokozisile ngawo. Awukwazi kodwa ukungawadli ama-meatballs abo. Makhulu futhi ehla esiphundu.

***Male isiZulu voice:***

Ziningi izinto ezishiwo ngabantu mayelana nezindawo zokulala uma uvakashela kwelinye izwe. Abanye basho okuhle kanti abanye basho okubi. Nahlala kuphi nini futhi nayithola injani indawo enaniyikhethile?

***Female isiZulu voice:***

Mayelana nendawo yokulala, sasebenzisa i-app yakwa-Airbnb ukuthola indawo yababili. Izindawo zokuhlala ziyashiyana. Kuya ngawe ukuthi uzibekele imali engakanani nokuthi uthanda ukuhlala endaweni enjani. Thina sasingenandaba kakhulu nezindawo zikanokusho kodwa sasifuna ukuba sizwe impilo yaseStockholm kakhulu ngakho asisebenzisanga imali yethu yonke sikhokhela indawo ebizayo. Isikhathi esiningi sasichitha sivakashela izindawo eziningi futhi sizama ukudla okunhlobonhlobo. Ngenyanga ka-Agasti kuba nemicimbi enhlobonhlobo emigwaqeni. Kuba khona abaculayo nabenza imibukiso ehlukene. Konke lokhu kumahhala. Ukulala kwakuba yinto yokugcina emqondweni wethu. Engingakusho nje ukuthi kuphephile kakhulu ngakho akunandaba ukuthi ukhethe ukuhlala endaweni enjani. **

Pause 00’05’

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”



https://xtremepape.rs/

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo ephakathi kukaNkosikazi Lerato Mnguni exoxa noNkazimulo ongowokuqala ukuphumelela ohlelweni lukamabonakude lomculi ovelele olubizwa nge-Cula Sikuzwe, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01’30”

*Signal: bell

***Female isiZulu voice:***

Sawubona Nkazimulo. Kuyintokozo enkulu ukuthola leli thuba lokuxoxa nawe kungakapheli ngisho iviki nje wethweswe umqhele wokuba ngumculi ovelele kulo nyaka.

***Male isiZulu voice:***

Ngiyakubingelela nawe Nkosikazi Mnguni nakubo bonke abalalele. Ngiyajabula ukuba lapha namuhla.

***Female isiZulu voice:***

Ngicabanga ukuthi kumele siyiqale ekuqaleni indaba yakho. Ingabe ukucula kuyinto owakhula uzimisele ngokuyenza?

***Male isiZulu voice:***

Cha, akunjalo. Ngangingazi nokwazi ukuthi nginalo ikhono lokucula ngaze ngaqala isikole. Ngomunye unyaka uthisha wangicela ukuba ngizozama ekwayeni yesikole ngoba babengenabo abafana abanele. Nganginokukhulu ukungabaza kodwa kwasho ukuthi uMnumzane Maseko wayenekhono lokwenza umuntu enze lento ayicela kuye.

***Female isiZulu voice:***

Lwaqala lapho-ke uthando lokucula?

***Male isiZulu voice:***

Ngingasho ukuthi kunjalo noma ngaqala ngingakujabuleli ukuba yilunga lekwaya lesikole ngoba sasichitha amahora amaningi kakhulu sicula.

Pause 00’03’

***Female isiZulu voice:***

Ngiyacabanga isikhathi sakho sokuzithokosiza sancipha ngempela.



https://xtremepape.rs/

***Male isiZulu voice:***

Ngikhumbula nokuthi ngacishe ngayeka ngesikhathi uMnumzane Maseko engazisa ukuthi usengitholele umqeqeshi wephimbo. Wayethi nginephimbo elimnandi kodwa elidinga ukuqeqeshwa. Lokhu kwakuzokwenza izinhlelo zami nabangane zishintshe ngoba kwakumele ngihlangane nomqeqeshi iMigqibelo emibili ngenyanga.

***Female isiZulu voice:***

Yini eyakusiza ukuba uqhubeke?

***Male isiZulu voice:***

Ngakhuthazwa nguye uthisha wami. Ngase nami ngithola isibindi sokuthatha izinqumo ezazinzima. Ngakhetha ukuthi angizuphuma nabangane zonke izimpelasonto. Isikhathi sami kwakumele ngifunde ukusihlukanisa kahle. Abangane bami baqala bengaqondi futhi lokhu kwenza kube nzima kakhulu ngoba saqala ukuqhelelana nabo. Ngokuhamba kwesikhathi sabuye sakwazi ukuvuselela Ubungane futhi oyedwa wabangane naye wajoyina ikwaya.

***Female isiZulu voice:***

Abazali bakho bona babezizwa kanjani ngokucula kwakho?

***Male isiZulu voice:***

Abazali bami babengabantu ababethanda ukuthi sisebenzise wonke amathuba esiwatholayo esikoleni, kodwa kulokhu babethanda ukuhlukana ngemibono. Ubaba wayekholelwa ngukuthi ukucula kuzongisiza ukuba ngikwazi ukusebenza ngaphansi kwengcindezi, okuyinto ayekholwa ukuthi izongisiza ngilungele ikusasa. Umama yena wayenalo uvalo lokuthi kungenzeka imiphumela yami ingafinyeleli ezingeni elifanele ukuze ngikwazi ukwamukelwa enyuvesi engangizimisele ukuya kuyo. Ngenhlanhla ngakwazi ukuthi ngiqhubeke nokuphumelela kahle esikoleni.

Pause 00’03’

***Female isiZulu voice:***

Kuyacaca ukuthi umnumzane Maseko waba negalelo elikhulu empilweni yakho. Ngisho ngoba ungomunye wabantu obabongile ngesikhathi unikwa ithuba lokuziphendulela emva kokuphumelela emncintiswaneni wakwa-Cula Sikuzwe.

***Male isiZulu voice:***

Yebo kunjalo. Umnumzane Maseko akagcinanga nje ngokungifaka ekwayeni nokungihlelela umqeqeshi wephimbo. Nguye futhi owangenza ngangenela lo mncintiswano.

***Female isiZulu voice:***

Kukhona okufundile kulolu hambo nongakhuthaza ngakho abanye abaculi abasafufusa?

***Male isiZulu voice:***

Kubalulekile ukuba uzimisele empilweni futhi ungasabi ukuthatha izinqumo ezihambisana nephupho lakho noma zingaba lukhuni kanjani. **

Pause 00’05’



https://xtremepape.rs/

